



Growing up in a time of AIDS: Abaqophi basOkhayeni Abaqinile Children's Radio project

Izandla ziyagezana / One hand washes the other **2008**

- Thuleleni: Sengiyalungisa –ke manje sengiya emsebenzi ngiyahamba –ke manje
Okay, I am getting ready for work now, I am leaving for work now
- SFX: umsindo wokuvala umnyango – door closing
- Thuleleni: oh, bhabhayi – ke baba.
oh bye-bye then – that's my husband.
- Ekuseni mangabe ngivuka ngilungise izinto zami zasekhaya bese ngiyahamba ngiye kuproject abantu abagulayo ngiyobuka ukuthi iyiphi inkinga ubani mhlampe uphi umnyango esingangena kuwo ukuze sithole usizo.
- In the morning when I wake up I do my chores around the house and then I leave for the projects where we assist sick people and see what the problems are; I'll maybe see who I can approach to ask for help.*
- uThuleleni wakaSibiya khona lana eMaranathi sineprojethi uSizolwempilo igama lalo siphekela abantu abagulayo sino home base care amavolontiya yethu awu 15 ahambemphakathini iproject yethu iphekele abantu abagulayo kuze bangezukuya eclinic ngoba sikude kakhulu neclinic shuthi iqale ngo 2006 kodwa alukho usizo esilutholayo.
- I am Thuleleni Sibiya. We have a project here in Maranatha called Sizolwempilo. We cook for sick people. We have home based care. We have 15 volunteers who go into the community with our project to cook for the sick people so that they [can stay healthy] and not have to go to the clinic because it's far away. We started in 2006 but we don't get any [external] assistance.*
- SFX: Amazwi abantu – people talking
- Thuleleni: Ngithandela ukuthi kusizakale umphakathi wangakithi ngasekhaya njengoba siwusizo lwempilo lapha eMaranatha eduze nasOkhayeni.
- I like [the project] because it helps my home community, because we help with health issues here in Maranatha, next to Okhayeni.*
- Sesiyahamba manje siyalapha engadini lakulinywa khona lasithola khona amavegi sizokwazi ukuphilisa leziguli ezidlayo
- We are now going to the garden where we have planted vegetables to keep our patients healthy.*

- SFX: Umsindo wamanzi – garden being watered
- Thuleleni: Hho, mangabe ngiphuma emsebenzini ngibuya ekhaya ngilungesela ukudla nokulungisela phela ukuthi kusasa sizokwenzani bese kuthike ekhaya emndenini wami ngiyakwazi ukubasiza nakhona umangabe ngifika nakhona ngibasize ngokuthi ngokubaphekela.
- Oh, when I leave work I come home and prepare food and arrange what will be done the following day. Then I help my family with whatever chores are needed - like cooking.*
- Kwesinye isikhathi ngiyawuhambela ngihambele omakhelwane umangabe sengibuyile emsebenzini noma ngabe kuyi weekend njenge sabatha ngesabatha-ke usuku lwami lokuyenkonzweni nginazaretha ngikhonza ngesabatha eThandinkosi.
- Sometimes I go visiting: I visit the neighbour when I come back from work or when it's the weekend like on Sabbath [Saturday], on Sabbath that's my day to go to church at Nazareth, I go there to the Nazareth Church at Thandinkosi.*
- SFX: Iculo lesonto - Church hymn
- Thuleleni: Kahle kahle mina injabulo yami enkulu ngithola uma ngabe kuyisabatha ngoba ngesabatha ngisuke ngingekho ngisenkonzweni la ngibonga khona uNkulunkulu ukuthi ungigcinile iviki lami lonke. yebo khona ngiyambonga unkulunkulu nakho ngezinye nje insuku kodikakhulukazi lapho esisuka sihlalane khona uma ngabe kuyisabatha.
- Truly speaking, I get the most joy on the Sabbath because that's where I am at church where I thank the Lord for taking care of me for the whole week; I thank the Lord on other days as well, but mostly it is when we are together on the Sabbath.*
- SFX: Iculo lesonto - Church hymn
- SFX: Umsindo wobuhlalu – sounds of beadwork
- Thuleleni: Imali yokuphekela abantu abagulayo sithola ngokwenza ubuhlalu umsebenzi wezandla sithengisa wona bese sitholimali bese siyahamba sobathengela lokhokunye iminqwazi lokhu okugqokwa la ezinhlokweni lokhokunye ilokhu okufaka amatshitshi ngapha ngezansi uma ngabe eyohlolwa sibuthenga eThekwini ubuhlalu.
- We get the money for cooking for sick people by doing beadwork [traditional jewellery] and handcrafts. We sell these to get money and then we go and buy other things for [our patients]. Here we have hats to wear on the head and other things like the [beaded skirts] that the young girls wear when they go for virginity testing. We buy the beads in Durban.*
- Sithengisela amatshitshi sithengisela abantu abakhona enazaretha njengoba ngike ngachaza ukuthi nami ngiNazaretha.
- We sell to the young girls [virgins]. We sell to the people at the Nazareth church. I have already explained that I belong to the Nazareth church.*
- SFX: umsindo wezinyawo – footsteps
- Thuleleni: Thina kahle kahle sasibahambela abanye abagulayo ekuqaleni kwethu abantu bakithi uma ubahambele sazizwa inkinga zabo into ababekhala kakhulu ngayo kukuthi e ethi umuntu ngigwinya amaphilisi ngingadli

sasebona ukuthi thina kungcono siqale ubukhishini sikuprojet lasisebenzela kulomuzi esacela ukuphekela kuwo ka Sibiya.

Actually [how it started] is we used to visit sick people. When we would visit our people we would hear their complaints: people would say, "I take pills [ARVs / TB treatment] without eating first" and then we decided to start some kind of kitchen project. We asked for a place to work at the Sibiya home.

Sipheka yonkihlobo yokudla imifino, ubhontshisi, inyama - umangabe sikwazile ukuyithola - amasi ukuze badle ophela leziguli kuphekwe amazambane namhlanje sebadlile fuhi bafike ngo 10h00 badla bahamba njengoba sithola nje sekublenki ma nje

We cook all kinds of food: vegetables, beans, meat - when we're able to get it - maas (sour milk) so that they can eat. Today they have cooked potatoes: they have already eaten, they came at 10h00 and ate and left, as you can see now that everything is finished.

Engithanda ukukusho ukuthi ngicela ngelinye ilanga umnyango uma kukona ongasisiza ngakho ukwazi ukusisiza isizulu siyasho sithi izandla ziyagezana uma ungakwazi ukusiza abanye abantu wena uzosizakala kanjani?

I would like to ask for assistance from wherever it is available. As we say in isiZulu: one hand washes the other, if you don't help others how will you be helped?



For further information contact:

Helen Meintjes, Children's Institute
helen.meintjes@uct.ac.za
+27 21 689 5404

Bridget Walters, Zisize Educational Trust
bridgetw@iafrica.com
+27 35 572 5500

Sue Valentine, Radio Workshop
sue@radioworkshop.org
+27 21 465 6965

Web: www.ci.org.za/depts/ci/prg/radio_project/index.htm